


UKUFIKA OKUSHA KWENCWANGUBE IFALL ARMYWORM (FAW)) ENINGIZIMU AFRIKA IPHEPHA LAMAQINISO



IsiZulu



I ebizwa phecelezi i-Fall armyworm (FAW) *Spodoptera frugiperda* ivela ezindaweni ezingenhlana nangezansana kwenkabazwe ye-United States, i-Argentina, kanye ne-Caribbean futhi iyisihlava esibi e-Brazil nakwamanye amazwe. Imibiko yokuqala yokuqubuka incwangube (i-FAW) e-Afrika kuvele emazweni amaningi aseNtsholanga le-Afrika kanye Nemaphakathi le-Afrika ekuqaleni konyaka ka-2016, kodwa ekuqaleni ukuvela kwayo kwabe kuhlotshaniswa nolunye uhlobo lwesihlava lokudabuka.

NgoDisemba 2016, imibiko yokuqala engaqinisekiwe yomonakalo odalwa yincwangube embileni yatholakala ivela eZimbabwe naseZimbabwe. NgoJanuary 2017, uMnyango Wezolimo, Ezamahlathi Nezezinhlanzi (i-DAFF) wathola imibiko ngencwangube engaziwa elimaza izitshalo zombila emapulazini asesifundazweni saseLimpopo nesaseNyakatho-Ntshonalanga. sebenza ngokuthola aphinde ethe izinto amagama (i-taxonomist) e-ARC-PPRI, oPhikweni Lokuthola Nokwetha Izinto (i-Biosystematics Division) liphawule ngokuqinisekayo ukuthi amasampula kungawesihlava ewele kwincwangube-i-*Spodoptera frugiperda* (Je Smith) (Lepidoptera: Noctuidae).

Uhlwi lovemvane ie-FAW lundiza luphule emoyeni, zinomjikelezo wempilo omfushane, kanti futhi zihlasela izitshalo eziningi ezahlukene, okwenza ingozi enkulu kwezomnotho. iNhlango yaseYurophu nakuMediterranean Yokuvikeleka Kwezitshalo (i-EPP0), ifaka lesinambuzane ohlwini i-A1 okuyisihlukaniso sezinambuzane nezifo esibalulekile nesinenselelo embi kwezolimo lapha eNingizimu Afrika.

UKUHLONZWA

Amaqanda: abekwa ngamaqoqo abalelwa kesuka ku-20-250 kuzo zombili izinhlangothi zamahlamvu.

Izimpethu (izibungu): Zinezigaba zokukhula ezisakhula eziyisithupha zisukela eqandeni, zikhule zifike ezingeni levemvane. Izibungu ezisencane zinzima ukuzihlukanisa ngokwakhekha ngoba izibungwana ezisencane ziyamafana nezinye (ama-noctuid).

Isigaba esiphakathi kokwebuza (i-insta) #	Ubude bomzimba	Umbala	Omaki
1, 2	1,5 to 3,5	Umbala ohlaza onobumnyama lkhanda	asikho
3, 4	6 ukuya e-10	Ingaphezulu linsundwana ngombala, ingaphansi liluhlaza. Amacala Ayimigqa emhlophe/ ethi ayibe phuzi ebonakalayo	Izindawana ezine eziqinile okuhlangana kuzo izicubu (iphinekhula) noma amaqhuzwana aphakene ame aba izikwele elungeni lesi- 8 lesisu futhi angamacala amane angaqondene (ithraphezodi) elungeni lesi-9
5, 6	15 ukuya kuma-40	Ubunsunjwana, ubuhlaza, ubumnyama	Izindawana ezine eziqinile okuhlangana kuzo izicubu (iphinekhula) noma amaqhuzwana aphakene ame aba izikwele elungeni lesi- 8 lesisu futhi abanamacala amane angaqondene (ithraphezodi) elungeni lesi-9



Ikhanda le-FAW elikhombisa u-“Y” obheke phansi (Isithombe: Margaret Kieser)

Izimvemvane:

Sicela uqaphele: Ngenxa yokwehluka kwamaphethini okufihlekile okubonakele kumasampuli atholakele eNingizimu Afrika, ukuhlonzwa ngesinye isikhathi kudidwa nezinye izinhlobo zezimvemvane zomndeni we-noctuid. Amasampuli angathunyelwe kuNkz Vivienne Uys e-ARC-PPRI, ukuzwe kwenziwe ukuhlonzwa okwethembikile kohlobo.

Ubude bamaphiko busukuka kuma-30 ukuya ku-40mm. Amaphiko aphambili: eleduna - ubumpunga obuyela ebunsundwini, obunamabadlana amhlophe emphethweni; elensikazi – ubumpunga obuyela ebunsundwini obuzinzile, ukuphawuleka kwamaphiko akucacile kahle. Amaphiko angemuva: Womabili eleduna nelensikazo amaphiko amhlophe/ asasiliva nomphetho onsundu okumdaka.



Impethu ye-FAW (i-insta yesihlanu) (Isithombe: Benjamin Janse van Rensburg)

Ukuqhathaniswa kwezinhlobo ezihlobene nalena

Ukuchazwa	Incwangube (<i>S.frugiperda</i>)	Incwangube yase-African (<i>S.exempta</i>)
Umbala Wempethu esindala	Unsundu/uhlaza nemigqa ethi ayibe phuzi	Ubumnyama obucwebezelayo nemigqa ethi ayibe phuzi/ephuzi
Ukuziphatha kwempethu	Ithukuswe ezitshalweni	Ifana nezitshalo
Amaqanda	Amaqoqwana ambozwe ngoboyana obunsunjwana. Abekwa ngaphansi kwamahlamvu	Amaqoqwana ambozwe ngoboyana obumnyama Abekwa ngaphansi kwamahlamvu
Uvemvane lwesilisa	Lubonakala ngezitho zangasese	Lubonakala ngezitho zangasese
Izitshalo aphila kuzo	Ikakhulukazi umbila namabele	Ikakhulukazi utshani basendele, ukolo
Ukwehluka kokuqubuka	Ukufuduka kwabantu bevela enyakatho yeNingizimu Afrika; ukwanda kwalapha ekhaya kanye nokuqubuka kuqinisekisiwe ngonyak we-2017 eNingizimu Afrika	Ukuqubuka kwalapha ekhaya okungatheni, kodwa kakhulu ukufuduka okuvela enyakatho yeNingizimu

IZITSHALO EZISENGOZINI ENINGIZIMU AFRIKA

I-FAW izilokazane ezikwazi ukuthi zidle izinhlobo ezahlukene zezitshalo esikhombisa ukuthanda kakhulu izitshalo ezisanhlamvu. Umbila (izitshalo ezincane nezikhwebu) njengamanje yizo ezithelekile eNingizimu Afrika, kanye neminye imibiko yomonakalo okumabele. Izincwadi futhi ziphinde zibhale ngomonakalo esip-inashini, kumoba, elayisini, kubhekilanga, kukolo, emklabishini, kupelepele, kwisoya, emazambaneni, emadleleni nasotshanini.

UKULAWULWA

UMnyango Wezolimo, Ezamahlathi Nezinhlanzi ukhiphe umhlahandlela wesikhashana wokusetshenziswa kwamakhemikheli asetshenziswa ekulimeni ukuze kulawulwe ukutheleleka kwencwangube eNingizimu Afrika futhi lomhlahandlela ungatholakala lapha ku-inthanethi ... <http://www.daff.gov.za>.

Sicela uqaphele ukuthi abalimi bafanele basebenzise kuphela izibulalazinambuzane ezamukelwe ngamazanga okusetshenziswa anconywe kulebuli yomkhiqizo ngamunye. Ukusetshenziswa kufanele kube kuzimpethu ze-instar ezingaphansi kwe-10mm ubude. Ukusetshenziswa empethwini esindala akuphumeleli ngoba idla ngaphathi kuziqu zezitshalo futhi ngakho-ke ivikelekile ekuhlanganeni nezibulalazinambuzane.



Umonakalo we-FAW ecembeni lombila onoshukela (Isithombe: Margaret Kieser)



Uvemvane lwe-FAW oludala (Isithombe: Matt Bertone)



Umonakalo we-FAW emacembeni ombila (Isithombe: Annemie Erasmus and Margaret Kieser)

UKUBIKWA KOKUQUBUKA

Sicela ubike konke ukuqubuka kwe-FAW ku-Jan Hendrik Venter kule nombolo: (012) 3196384, noma ku-Dkt. Gerhard Verdoorn kuleli kheli: Croplife at info@croplife.co.za usuku lokuqala ukubonakala, igama lepulazi, isifundazwe, indawo ethelekile kanye nohlobo lwesitshalo esithelekile.

Abalimi bayakhuthazwa ukuba babheke ukubakhona kwamaqanda e-FAW kanye nezimpethuemasimini. Umhlahandlela wokubhekwa/ukulandelela emasimini uzotholakala maduzele kuwebhusayithi ye-DAFF.

SWIKHENSO

Sibonga u-Matt Bertone (we-North Carolina State University) ngokuvuma sisebenzise isithombe sakhe sovvemvane, kanye no-Benjamini Janse van Rensburg ngesithombe sakhe se-5th instar larva.

Ukuthola ulwazi oluthe xaxa xhumana no:

Annemie Erasmus at ErasmusA@arc.agric.za
ARC-Grain Crops Institute, Private Bag X1251, Potchefstroom, 2520. Tel: 018-299 6113

Johnnie van den Berg
YUnit for Environmental Sciences and Management, North-West University, Private Bag X6001, Potchefstroom, 2531 .